# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

## *36/2013: Intshumayelo ngesonto 06 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 07. 07. 2013*

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 238/203

2. **Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu, Mdali wethu, Mbumbi wethu, Msindisi wethu, siyabonga, ngokuba usibizile ukuba sibe yisizwe sakho; ngokuba usibizile emikhawulweni yomhlaba ukusibutha ebandleni lakho. Sesiyacela kuwe sithi: Mawususe konke ukwesaba kithi, usiduduze, usithokozise ngokwazi ukuthi singabakho, wena ukithi, noma sehlelwani lapha emhlabeni. Qhubeka ngomsebenzi wakho wokuletha amadodana akho, namadodakazi akho, aqhamuke nasekugcineni komhlaba, angene embusweni wakho ngaye uJesu Kristu iNdodana yakho, uMsindisi neNkosi yethu. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-Rom. 6:3-11;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMath. 28:16-28.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 237/202

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Izwi lentshumayelo** ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe ku Isaya 43:1-7, lithi: "Kepha manje usho kanje uJehova owakudalayo wena-Jakobe, nowakubumba wena-Israyeli, uthi: 'Ungesabi ngokuba ngikuhlengile, ngikubizile ngegama lakho; ungowami. Lapho udabula emanzini, mina nginawe; nasemifuleni, ayiyikukukhukhula; lapho uhamba emlilweni, awuyikusha, nelangabi aliyikukushisa. Ngokuba nginguJehova uNkulunkulu wakho, oNgcwele kaIsrayeli, uMsindisi wakho; ngiyanika iGibithe libe-yihlawulo lakho, iKushe neSheba esikhundleni sakho. Ngenxa yokuba ubuyigugu emehlweni ami, futhi ubudumile, uthandekile kimi, ngiyakunika abantu esikhundleni sakho, nezizwe esikhundleni sokuphila kwakho. Ungesabi, ngokuba nginawe; ngiyakuyiletha inzalo yakho iphume empumalanga, ngikubuthe nasentshonalanga. Ngiyakusho kuyo inyakatho, ngithi: 'Balethe,' nakuyo iningizimu: 'Ungabagodli; lethani amadodana ami akude, namadodakazi ami ukuba aphume

emikhawulweni yomhlaba, onke abizwé ngegama lami, nengiwadalele inkazimulo yami, engiwabumbile nengiwenzile.'" Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, ngephistola elidala lesonto lanamuhla siyakhumbula ukubhapathizwa kwethu. Ngevangeli elidala lesonto lanamuhla siyakhumbula ukulunga esikulungiselwe nguKristu, okungukulunga okudlula okwabafundisi bomthetho nabaFarisi. Ngezwi elimiselwe intshumayelo yesonto lanamuhla elikhishiwe encwadini yomprofethi uIsaya, ungathi: Kuhlanganisiwe onke lamaqiniso okubizelwa embusweni kaNkulunkulu ngombhapathizo, nangokusindiswa ngokulungiselwa ukulunga okudingekayo nguMsindisi wethu, uma umuntu ethanda ukwamukelwa embusweni kaNkulunkulu. Siyezwa namuhla ukuthi iNkosi uNkulunkulu wakwaIsrayeli, uMdali, uMenzi wakho konke, oNgcwele kaIsrayeli, uMsindisi wethu, uMduduzi wethu uyasiza abantu bakhe, uyabahlukanisa nabo abangaqondi lutho, abanezinhliziyo ezinganakekeli lutho, labo owayethela phezu kwabo ukufutheka kwentukuthelo yakhe, namandla empi, nokubavuthela nxazonke, nokubashisa ngomlilo wentukuthelo nolaka lwakhe. Uyahlukanisa abakhe kulabo. Uyakhuluma nabakhe, uyababiza, uyabahlenga, uyabaduduza, uyababutha ukuba babuyele kuye, baqhamuke emikhawulweni emine yomhlaba. Wenza kanjalo

1. Ngokubiza lowo nalowo wesizwe sakhe;

2. Ngokubaletha embusweni wakhe, baqhamuke emikhawulweni emine yomhlaba.

1. Ekugcineni kwesahluko 42 siyezwa ukuthi iNkosi iyakhuluma nabo, abonileyo kuyo, abangathandi, abangavumi ukuhamba ngezindlela zayo, abangawulaleli umthetho wayo, iyabatshela, ithi: "UJehova wayesethela phezu kwakhe ukufutheka kwentukuthelo yakhe, namandla empi; kwamvuthela nxazonke, kepha akakwazanga; kwamshisa, kepha akakubekanga enhliziyweni yakhe." "Kepha manje" siyezwa okunye: kepha manje esahlukweni 43 kukhulunywa okunye, kuyashunyayelwa okusha. Akusakhulunywa ngolaka nentukuthelo. Akusakhulunywa ngokuthuma isijeziso sokuthunyelwa impi, nomlilo, nokubhujiswa, kodwa iNkosi ithi: "Kepha manje usho kanje uJehova owakudalayo wena-Jakobe, nowakubumba wena-Israyeli, uthi: 'Ungesabi ngokuba ngikuhlengile, ngikubizile ngegama lakho; ungowami. Lapho udabula emanzini, mina nginawe; nasemifuleni, ayiyikukukhukhula; lapho uhamba emlilweni, awuyikusha, nelangabi aliyikukushisa.'" Ngithi ngokuzwa lawomazwi sikhumbula amazwi amahle eHubo 23 athi: "UJehova ungumalusi wami, angiyikuswela. Uyangilalisa emadlelweni aluhlaza; uyangiyisa ngasemanzini

okuphumula. Ubuyisa umphefumulo wami; uyangihola ezindleleni zokulunga ngenxa yegama lakhe. Noma ngihamba esigodini sethunzi lokufa, angesabi okubi, ngokuba wena unami, intonga yakho nodondolo lwakho ziyangiduduza." Konke lokho kwenzeka, ngokuba iNkosi inguNkulunkulu wethu. ONgcwele kaIsrayeli unguMsindisi wethu. Siyigugu emehlweni akhe, singabadumileyo, singabathandekayo kuye. Kungamazwi ayeqondene nesizwe sakwaIsrayeli ngalesosikhathi, esamukelwa nguNkulunkulu iNkosi yamakhosi esikhundleni sezizwe ezinye ukuba sibe isizwe sakhe; kodwa namuhla lawomazwi asho lowo nalowo wakithi esibiziwe nguNkulunkulu ngegama lethu, esihlengiwe yiNkosi yethu uJesu Kristu. Asikho isizwe esenziwe ihlawulo esikhundleni sethu, kodwa kunguJesu Kristu owenizwe ukuba abe yisihlengo esikhundleni sethu. Nguye owayelahlwa esikhundleni sethu, washiswa ngomlilo osabekayo esikhundleni sethu, wawela isigodi sokufa esikhundleni sethu. Yikho okwenzayo ukuba sibe ngabahlengiweyo ekufeni manje, nakuzo izijeziso zonke, nakuyo intukuthelo kaNkulunkulu, singabe sisesaba lutho, sazi, siqinisele ekukholweni kokuthi sisindisiwe nguNkulunkulu, sibiziwe ngegama lethu ngenxa kaKristu, singabakhe uKristu, singabeNkosi eyiyo impela, singaboMsindisi wethu, oNgcwele kaIsrayeli. Nguyena oselulekayo namuhla ngokusho ukuthi: Ningesabi, ngokuba nginani. Yebo, unathi.

2. Kodwa akushiwo thina kuphela. Qhabo, uthembisile ukuthi uzobiza abasindisiweyo nasekugcineni komhlaba, ababuthe lapha nalapha, uthi: "'Ungesabi, ngokuba nginawe; ngiyakuyiletha inzalo yakho iphume empumalanga, ngikubuthe nasentshonalanga. Ngiyakusho kuyo inyakatho, ngithi: 'Balethe,' nakuyo iningizimu: 'Ungabagodli; lethani amadodana ami akude, namadodakazi ami ukuba aphume emikhawulweni yomhlaba, onke abizwé ngegama lami, nengiwadalele inkazimulo yami, engiwabumbile nengiwenzile.'" Kukhona abacabangayo ukuthi kulendawo kuyakhulunywa ngokubutha abaJuta kuphela emazweni onke. Kodwa oqaphelayo uzoqonda masinyane ukuthi kushiwo lowo nalowo odaliweyo nguNkulunkulu, lowo nalowo owenziwe nguye. Bonke bayabizwa, abantu bezizwe zonke, abantu bamazwe onke, abantu bezikhathi zonke bayabizwa nguNkulunkulu ukuba balethwe embusweni wakhe, babhapathizwe egameni likaNkulunkulu uMthathwemunye, basondele ukudla umzimba kaKristu, nokuphuza igazi lakhe esidlweni sakhe, bathethelelwe izono zabo. Bonke abezwayo lokhu kubizwa bayamenywa ukungena esizweni sikaNkulunkulu. Kodwa kukhona okukhalisayo impela, yilokhu: Iningi elikhulu lalabo abalizwayo ukubizwa okunjalo, alithandi ukuzwa, liyanqaba kuphela ukuza, lithanda ukuhlala lapho likhona. Lithanda ukufela khona likhona embusweni wobumnyama. Abantu abaningi abathandi ukuza

ekukhanyeni kweNkosi. Bayazikhethela ukuhlala njalo embusweni wesono, wokufa, kaSathane. Mabezwe bonke ngokusha ukuthi iNkosi iyababiza. Iyathanda ukuba beze embusweni wayo. Iyathanda ukubaletha bonke embusweni wayo, iyathanda ukubabutha bonke. Futhi ithembisile ukuthi isixuku esikhulu sabantu bezizwe zonke siyakuzwa lokhu kubizwa, sizofika njengokusho kwezwi elihle likaJesu elithi: "Kepha ngithi kini: Abaningi bayakuza bevela empumalanga nasentshonalanga, bahlale ekudleni noAbrahama noIsaka noJakobe embusweni wezulu, kodwa abantwana bombuso bayakukhishelwa ebumnyameni obungaphandle; lapho kuyakuba khona ukukhala nokugedla amazinyo." INkosi iyababiza, noma bengabantu basiphi isizwe emhlabeni. Nabo abaJuta basabizwa, njengalokhu iNkosi ibabizile kusukela ekuqaleni. Siyazi ukuthi iNkosi iyakhala ngenxa yabo bonke abanqabayo, abangafuni, abangavumi, ithi: "Kungaki ngithanda ukubuthela ndawonye abantwana bakho njengesikhukukazi zibuthela amazinyane aso phansi kwamaphilko aso, kepha anivumanga," anifunanga, ninqaible kuphela. Siyezwa ngokusha ukuthi ngokwempela iNkosi iyathanda ukubabutha bonke. Yebo, iyathanda. Kodwa wena uyathanda ukubizelwa ekuphendukeni nasekukholweni na? Ngalombuzo iNkosi yethu ithanda ukushuka inhliziyo yakho, iyithambise ukuba nawe ukholwe, nawe uze, ufike, nawe uzwe ukubizwa obizwa ngakho nawe.

INkosi iyathanda ukususa ukwesaba kuwe, iyathanda ukukusinidsa. Iyakubiza ngegama lakho ukuba ube ngowakhe. INkosi uJesu ikulungisele insindiso ephakade. Woza, ungene ekusindisweni! Ukholwe nguJesu Kristu iNkosi yethu sonke. Amen.

9. **Umkhuleko:**. Nkosi Nkulunkulu, Msindisi wethu, siyabonga ngokuba usibizile ngegama lethu, ngokuba usithembisile ukuba nathi sonke njalo. Mawusisize ngoMoya wakho oNgcwele ukuba sizwe ukubizwa nesimemo esibizwa ngakho, esimenywa ngaso ukuba sibe ngabakho manje, nakusasa, naphakade ngaye uJesu Kristu uMsindisi wethu, kodwa kungabi thina kuphela, kodwa nabantu bezizwe zonke bezwe lesisimemo, nabo babe ngabakho ngaye uJesu Kristu, uMsindisi wethu sonke. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 241/206

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1989 ngu-E. A. W. Weber
Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.